Isifundo SikaMose Somlando

iSABATHA EMINI

Kuleliviki Funda Lapha: *Deuteronomy 1–3, Exod. 32:29–32, Numbers 14, Eph. 3:10, Gen. 15:1–16, Johane 14:9.*

Indimana Yekhanda: **Futhi bonke badla kudla kunye komoya, bonke baphuza kuphuza kunye komoya; ngokuba baphuza edwaleni lomoya elabalandelayo. Idwala lelo lalinguKristu"** *(1 Korinte 10:3, 4, NKJV)***.**

LLawa ngamazwi akhulunywa nguMose" *(Deut. 1:1, NKJV)*. Iqala kanjalo incwadi kaDuteronomi. Futhi nakuba kunjalo, uMose kanye nobukhona bukaMose bukhonya encwadini, kusukela kulamazwi okuvula kuze kube sekufeni kwakhe ezweni lakwaMowabi *(Dut. 34:5)*, uDuteronomi (njengalo lonke iBhayibheli) empeleni yincwadi emayelana neNkosi uJesu. Ngokuba nguYena owadala thina *(Genesis 1, 2; Johane 1:1–3)*, osondlayo *(Col. 1:15–17, Heb. 1:3)*, futhi nosihlengayo *(Isa. 41:14, Titus 2:14)*. Futhi, ngendlela elula yalawomazwi, uDuteronomi wembula indlela iNkosi eyaqhubeka nokudala, ukondla, kanye nokuhlenga abantu Bayo kulesisikhathi esibucayi Somlando wosindiso.

Empeleni, njengoba abantwana bakwaIsrayeli bezogcina bengenile eKanana, uMose ubanikeza isifundo Somlando, indikimba ephindwa kulolonke iBhayibheli: *khumbula lokho iNkosi ekwenzele kona endulo.*

Lesiseluleko kumele sisho okuthile kithina, thina esisemgceleni Wezwe leSithembiso elingcono: "Ekubuyekezeni umlando wethu, lapho ngihambe kuzo zonke izinyathelo zikuhamba kwethu kuze kube la sikhona, . . . Ngingcwaliswa ngukumangala, futhi ngeqholo kuKristu njengomholi. Akukho okumele sikwesabe ngekusasa, ngaphandle uma sesikhohliwe yindlela uJehovah asihole ngayo ngaphambilini, kanye nokufundisa Kwakhe emlandweni wethu."—Ellen G. White, *Life Sketches*, p. 196.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, October 9.*

Umsebenzi KaMose

Kulo lonke iBhayibheli, ubukhona bukaMose buyezwakala. Nakuba engabizwa ngegama kuze kube kuEksodusi 2:2, wayebhale incwadi kaGenesisi, indaba kaNkulunkulu enegunya futhi eyisisekelo salokho esiyikona, indlela esafika ngayo lapha, kunga izinto zizimbi ngalendlela eziyiyo, kepha, singathemba nakuba kunjalo. Indalo, Ukuwa, isithembiso sosindiso, Uzamcolo, Abrahama, ivangeli—konke kunomsuka kuGenesisi, futhi umlobi wayo kwakungumprofethi uMose. Kulukhuni ukulinganisa ngokwanele Ithonya lendoda eyodwa, enamaphutha, eyakwazi ukuba nalo ngoNkulunkulu ngoba wayemthanda uJehovah futhi efuna ukumsebenzela.

Funda: uEksodusi 32:29-32, obika ngengxoxo phakathi kukaJehovah noMose ngemuva kwesono esibi sethole legolide. Yimuphi umqondo lendaba esifundisa wona mayela nesimilo SikaMose futhi kungani, nakuba wayenamaphutha, uJehovah wayekwazi ukumsebenzisa ngalendlela enamandla kangaka na?

_____

_____

Nakuba uMose wayengahlangene nalesisono, wafuna ukunxusela labantu abayizoni, ezimisele futhi nokufa esikhundleni sabo. Okuthathekisa kakhulu, kuEksodusi 32:32, ngenkathi uMose ecela uNkulunkulu ukuba "athethelele isono sabo," isenzo empeleni sichaza "ukuthwala." Ngalokho, uMose—eqonda ububi besono kanye nokudingekayo ukuba sithethelelwe—wanxusa uNkulunkulu ukuba "athwale" isono sabo. Futhi lokhu kwakungenxa yokuthi kwakuyiyona kuphela indlela, ekugcineni, isono sabo, nanoma yisiphi isono, esasingathethelelwa ngayo.

Ngalokho, lapha, kwasekuqaleni kweBhayibheli, sinesibonakaliso esinamandla sikuthatha indawo yokuthile, lapho uNkulunkulu Uqobo Lwakhe, ngoJesu, ezothwala Kuye ubunzima kanye nenhlawulo ephelele yezono—indlela eyasekelwa nguNkulunkulu yokusindisa isintu ebe futhi eqinisekile ezimisweni zombuso kanye nomthetho Wakhe.

Nembala, eminyakeni eminingi elandelayo uPetro wayezobhala ngoJesu: "yena owathwala izono zethu emzimbeni wakhe emthini, ukuze kuthi sesifile ezonweni siphile ekulungeni, oyena ngemivimbo yakhe naphulukiswa" *(1 Pet. 2:24, NKJV)*.

Kusenjalo, esikubona kulendaba kaMose kanye nendlela abhekana nayo nesono sabo nguMose endimeni yokuba ngummeli walabo abawile, abantu abonile, isibikezelo salokho uJesu azokwenzela thina *(buka Heb. 7:25)*.

Ezimisele ukufela abantu bakhe na? **Cabanga kabanzi ngemithelela yalamazwi. Yini esingayifunda kuwo thina mayelana nokuthi kusho ukuthini Ukuthanda abanye ngeqiniso na?**

Isiprofetho Esigcwalisekile

Ngaphandle kwamaphutha athile isayensi yesimanje ezama ukumemezela njengeqiniso (njengokuthi izwe laziqubukela kokungekho noma yonke impilo yaqubuka ngokungalindelekile kumakhemikhali athile), isayensi isinikile okuthile okumangalisayo ngamandla kaNkulunkulu okudala. Ukuzwana, ukulingana, ukuqonda kwazinto eziningi emvelweni, nakuso isimo sokuwa, kuyaqhubeka nokumangalisa labo abafunda ngako.

Futhi uma uNkulunkulu ekwazi ukuqondisa izinto eziphathekayo, nembala angakwazi ukuqondisa izinto zikamoya, ngokunjalo. Ngalokho, ezindimaneni ezivula uDuteronomi, siyabona kakhulu ukuqondisa okumangalisayo kukaNkulunkulu.

Funda: uDuteronomi 1:1-6. Yikuphi ukubaluleka ngokwesiprofetho kokuthi uDuteronomi 1:3 ukhuluma "ngonyaka wamashumi amane" na?

_____

_____

Ngemuva kwalomonakalo, ngenkathi uMose ethumela izinhloli zisuka e-Kadesh Barnea ukuba ziyohlola izwe, futhi abantu bechitha ubizo lokuyothatha izwe—yini Eyenzeka na? Batshelwa ukuba ngeke bangene Ezweni leSithembiso njengalokhu babethembile. Futhi balinda isikhathi esingakanani ukuba bangene kulo na? " ' "Njengokomumo wezinsuku enahlola ngazo izwe, izinsuku ezingamashumi amane, umnyaka ngosuku, niyakuthwala ububi benu, yebo, iminyaka engamashumi amane, nize nazi ukuthi kunjani uma ngimelana nani" ' " *(Num. 14:34, NKJV)*.

Yingakho uDuteronomi ephawula unyaka wamashumi amane, njangalokhu uNkulunkulu ayeshilo kubo. Ngamanye amazwi, Izwi likaNkulunkulu lesiprofetho lethembeke njengoNkulunkulu Uqobo, futhi esikubona lapha ezindimaneni zokuqala zikaDuteronomi ngobunye ubufakazi balokho kwethembeka; Okungukuthi uNkulunkulu uzokwenza lokho athi uzokwenza ngesikhathi athe uzokwenza ngaso.

Nembala, lesi akusona kuphela isikhathi sesiprofetho esagcwaliseka njengalokhu uNkulunkulu ayeshilo. Sibuka emuva la simi khona, singathola kuDaniyeli 9:24-27, ngokwesibonelo, isikhathi sikaJesu, safezeka njengalokhu uJehovah ayekushilo. Singabona ukuthi "isikhathi nezikhathi nenxenye yesikhathi" *(Dan. 7:25; Bheka futhi iSamb. 12:6, 14; Samb. 13:5)* sesifezekile emlandweni, kanye Nezinsuku ezingu-2,300 zikaDaniyeli 8:14.

Futhi ngaphandle kwalezizikhathi, iziprofetho zikaDaniyeli 2, 7, 8, ezabika ngokuqondile ngomlando wezwe, zisinikeze ubufakazi obukhulu bokwazi ngaphambili, ukulawula kanye nokwethembeka kukaNkulunkulu.

Singabona ukuthi uJehovah wazifeza ngokwethembeka leziziprofetho ezedlule njangalokhu ayeshilo. Kungani lokhu kumele kusinikeze isibindi sokwethemba Yena ezintweni athe zizokwenzeka okusamele zenzeke na?

Kayingulungwane

Ngemuva kohambo olude ehlane, uMose, ekhulumela uJehovah (wayengumprofethi, nokho, nembala, engaphezulu komprofethi), wathi: “Bhekani, ngilibekile izwe phambi kwenu; ngenani nilidle izwe uJehova alifungela oyihlo, o-Abrahama, no-Isaka, noJakobe ukulinika bona nenzalo yabo emva kwabo” *(Dut. 1:8, NKJV)*.

Qaphela, nokho, okulandelayo.

Funda: uDuteronomi 1:9-11. Yikuphi ukubaluleka kwalamzwi, ikakhulu ngokweqiniso lokuthi, babejeziswa nguNkulunkulu ngenxa yokuhlubuka kwabo e-Kadesh Barnea na?

_____

_____

Lapha sibona esinye isibonelo somusa kaNkulunkulu. Naphakathi kokuzula ehlane, babebusisekile: “ ‘Wabondla iminyaka engamashumi amane ehlane. . . . kabaswelanga lutho; izingubo zabo aziguganga, nezinyawo azivuvukalanga’ ” *(Neh. 9:21, NKJV)*.

Nalapha uMose, ebonisa futhi uthando lwakhe lwabantu bakhe, wanxusa uNkulunkulu ukuba abandise kayinkulungwane kunalokho uNkulunkulu ayesekwenzile!

Funda: uDuteronomi 1:12-17. Njengomphumela wesibusiso sikaNkulunkulu phezu kwabo, yini Eyenzeka, futhi yiziphi izinyathelo ezathathwa nguMose ukubhekana nesimo na?

_____

_____

Ngalokho, nangesikhathi uJehovah esekhona phakathi kwabo ngendlela enamandla, kwakusekhona isidingo sokuhleleka, sesakhiwo, sohlelo lokubika. UIsrayeli wayeyi-qahal, isixuku esehlelekile *(buka uDut. 31:30)*, isandulelo seTestamente Elisha, i-ekklesia, elesiGriki “lebandla” *(buka uMat. 16:18)*. Nakuba esebenza kwingqikithi eyehlukile, uPawule wayengekude nesizinda sakhe sobuJuda, futhi ku-1 Korinte 12 simbona kahle ebalula isidingo sabantu abafanelekile ukuba sezindimeni ezahlukene ukuze kube nokusebenza okufanele komzimba, njengalokhu sibona KuDuteronomi nakwi-*qahal* ehlane. Ibandla namuhla, njengakwi-qahal. Lidinga ukuba ngumzimba omunye onabantu bokufeza izindima ezahlukene ngokwezipho zabo.

Nakuba ngezinye izikhathi sizwa abantu belwa nenkolo “ehlelekile”(yikuphi abangakuthanda, inkolo “engahlelekile” na?), Izwi likaNkulunkulu, ikakhulu iTestamente Elisha, livumelana nenkolo kuphela ehlelekile hhayi okunye.

Kadesh Barnea

Kunengozi elokhu igubuzele izigaba zokuqala zencwadi kaDuteronomi, ingozi yase-Kadeh Barnea. Lendaba engeyinhle, njengoba sibonile, yaba yisisusa sencwadi kaDuteronomi, futhi kuhle siyibukele eduze.

Funda: uNumeri 14. Abantu baphendula kanjani embikweni wezinhloli, futhi waba yini umphumela wokuphendula kwabo na? *(Buka futhi uDut. 1:20–46.)*

_____

_____

Singatomula izifundo eziningi ezibalulekile kulendaba, kodwa esisodwa esibalulekile, esizoqhamuka futhi encwadini, sitholakala nakuNumeri 14.

Funda: uNumeri 14:11-20. Nakuba sibona uMose futhi edlala indima yomnxuseli, yikuphi okubalulekile ngalendlela Yokuxoxisana noJehovah mayelana nesizathu sokuthi uJehovah angababhubhisi na?

_____

_____

Cabanga ngalokho uMose akusho kuNkulunkulu. *Uma ukwenza lokhu, Bheka indlela oyobukeka ngayo kwabaseGibhithe naphambi kwezinye izizwe endaweni.* Leliphuzu lisemqoka ngoba, ekugcineni, konke uNkulunkulu ayefune ukukwenza ngoIsrayeli kwakungekona ngenxa kaIsrayeli; kwakungokwesintu sonke. Isizwe sakwaIsrayeli kwakumele sibe ngukukhanya ezweni, Ufakazi kwabasendulo ngothando kanye namandla kanye nosindiso olutholakala kuNkulunkulu weqiniso hhayi ezithixweni eziyize ezazikhonzwa ngabezizwe.

Nakuba kunjalo, njengalokhu kusho uMose, uma ubabhubhisa lababantu, kokwenzekani na? Izizwe ziyothi: “Ngenxa yokuthi uJehovah wehlulekile ukubaletha abantu ezweni ayefunge ukubanikeza lona, ngalokho wababulala ehlane” *(Num. 14:16, NKJV)*.

Ngamanye amazwi, esikubona lapha yindikimba etholakala kulo lonke iBhayibheli: umqondo wokuthi uNkulunkulu kumele akhazimuliswe kubantu Bakhe—leyonkazimulo nokulunga kanye nothando kanye namandla kaNkulunkulu kumele kubonakale Ebandleni Lakhe, ngalokho akwenza ngabantu Bakhe. Nembala, abantu Bakhe abavamile ukwenza izinto zibelula ukuba akwenze lokho, kodwa ekugcineni uNkulunkulu uyokhazimuliswa ngezenzo Zakhe emhlabeni.

Funda abase-Efesu 3:10. Yini eshiwo nguPawule lapha, futhi lokhu kwenzeka kanjani na? Lokhu “kuhlakanipha okuninginingi” kukaNkulunkulu kubonakaliswa kanjani ezweni lonke na? Iyiphi indima, uma ikhona, esinayo ngamunye ekufezeni lokhu na?

Ububi BomAmori

KuDuteronomi 2 no 3, uMose uqhubeka nokukhumbuza ngomlando kaIsrayeli nangendlela, ngokuvunyelwa nguNkulunkulu, abanqoba ngayo izitha zabo; ngenkathi bethembekile, uNkulunkulu wabanikeza ukunqoba, nakuwo "amazimuzimu" *(Dut. 2:11, 20; Dut. 3:13)*.

Nembala, lokhu kusiletha esihlokweni esilukhuni, okumele okungenani sisithinte, esimayelana nokubhujiswa kwalababantu. Nakuba abantwana bakwaIsrayeli babevama ukukhuluma ngoxolo kuqala esizweni (*Dut. 20:10, 11)*, kepha uma abantu bengavumi, ngezinye izikhathi abakwaIsrayeli babengena babab hubhise, kuhlangene nabesifazane nezingane. " 'UJehova uNkulunkulu wethu wamnikela phambi kwethu, samnqoba yena namadodana akhe nabantu bakhe bonke. Sathatha yonke imizi yakhe ngaleso sikhathi, sachitha saqeda yonke imizi enamadoda nabesifazane nezingane; asishiyanga muntu' " *(Deut. 2:33, 34, NKJV)*.

Abanye bazama ukugwema lokhu ngokuthi bathi lezizindaba azilona iqiniso. Kepha, ngoba sikholwa ukuthi "Yonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu ilungele ukufundisa, nokusola, nokuqondisa, nokuyala ekulungeni" *(2 Tim. 3:16, NKJV)*, akuyona intuba efanelekile kuma-Seventh-day Adventist. Ngalokho, sisala nombuzo olukhuni mayelana nalezizigameko.

Funda: uGenesisi 15:1-16. Wathini uNkulunkulu kuAbram kuGenesisi 15:16, futhi lokhu kusikhanyisela kanjani kulesisihloko esilukhuni na?

_____

_____

Akungatshazwa ukuthi iningi lalezizizwe zabahedeni zazinesihluku kakhulu futhi zikhohlakele zifanelekile ukubhekana nolaka lukaNkulunkulu kwakudala. Lokho kuyiqiniso, futhi nakuba uNkulunkulu wayelinde ukuba ziguquke, azizange ziguquke—lokhu akuguquli iqiniso elilukhuni lokubulala wonke umuntu, kuhlangene nezingane. (Nembala, kungenzeka ziningi izingane ezabulawa kuZamcolo kunalezo ezabulawa ngabakwaIsrayeli.)

Iqiniso ngukuthi, okwamanje, sinolwazi oluncane ngokwenzeka ngokuphelele kulezizigameko, kumele samukele lokhu okulukhuni futhi sithembele ekulungeni kukaNkulunkulu, okwembulwe ngezindlela eziningi. Ukholo alumayelana nje nokuthanda uNkulunkulu ngosuku oluhle ehlathini elihle eligcwele okuhle nemisindo Emtoti. Lumayelana futhi nokuthembela Kuye nakuba singaqondi ngokuphelele.

Funda u-1 Korinte 10:1-4 no Johane 14:9. Lezizindimana, kanye nezinye ezifana nazo, zisisiza kanjani ukuba sifunde ukuthembela othandweni, ekulungeni, nasebuhleni bukaNkulunkulu, nakuba sibona izinto ezibukeka zilukhuni ukuba zihambisane ngokuqonda kwethu uNkulunkulu na?

Ukucabanga Kabanzi: Nakhu esinye isazi esizama ngako ukuphendula Imibuzo elukhuni ngalokho abakwaIsrayeli abakwenza kulezizizwe:

"NjengoMdali wazo zonke izinto kanye naso sonke isintu futhi njengombusi wakho konke, uNkulunkulu angenza noma yini afuna ukuyenza nganoma ngubani futhi afaneleke ekwenzeni lokho. . . .

"Izindlela zikaNkulunkulu ziyimfihlakalo. Njengoba singeke sakwazi ukumqonda ngokuphelele, asimane nje sikhululeke nalemibuzo emiqondweni yethu. UIsaya 55:8-9 usinikeza induduzo ethile.

"Ngokomfanekiso WeBhayibheli wabaseKanana, lababantu babekhohlakele ngokweqile, futhi ukubabhubhisa kwakumele ukwahlulela kukaNkulunkulu kwesono sabo. Ukubhujiswa kwabaseKanana kwakungekona okokuqala futhi kungekona okokugcina uNkulunkulu enza lokho. Umehluko phakathi kwesiphetho sabaseKanana kanye nesiphetho sesintu (ngaphandle komndeni kaNowa) njengalokhu sichazwe kuGenesisi 6-9 kwakubanzi futhi kunomenzi. . . .

"UNkulunkulu wayengazange ahlose ukuba uIsrayeli ajwayele ukubhubhisa abangaphandle. UDuteronomi 7:1 ukhomba ngokusobala futhi abeke imingcele kubantu abangabhujiswa. AbakwaIsrayeli kwakungamele balandele lesisimiso kwabakwaEdomu, abaseGibhithe, abakwa-Aram, nakunoma ngubani (cf. Deut. 20:10–18). . . .

"AbaseKanana babhekana nesiphelo esizobhekana nazo zonke izoni: ukwahlulela kukaNkulunkulu. . . .

"Ukususwa kwabaseKanana nguNkulunkulu kwakuyisinyathelo esidingekile emlandweni wosindiso. . . .

"Nakuba abaseKanana ngokuphelela kwabo babebhekene nokwahlulela kukaNkulunkulu, babeneminyaka engamashumi amane esexwayiso (buka ukuvuma kuka-Rahab ku-Josh. 2:8–11)."—Daniel I. Block, *The NIV Application Commentary*: Deuteronomy (Grand Rapids, Mich.: Zondervan, 2012), pp. 98, 99.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1 Cabanga ngokuqonda kwethu iminyaka eyinkulungwane, lapho siyoba neminyaka eyinkulungwane yokuphendulwa kwayo yonke Imibuzo yethu. Lokhu kuqoda kungasisiza kanjani ukufunda ukwethembela kuNkulunkulu nakuba ilukhuni kangakanani Imibuzo esinayo njengamanje na?

2 Yiziphi ezinye izindlela uNkulunkulu akuhole ngazo ngokwedlule ezingakusiza ufunde ukuthemba Yena ngekusasa na? Kungani kubalulekile ukuba singakhohlwa yindlela uNkulunkulu asebenze ngayo ezimpilweni zethu na?

2 Eklasini, buyekezani umbuzo osekugcineni kwesifundo sangeSonto, omayelana nokuvuma KukaMose ukulahlekelwa yimpilo yakhe ngenxa yabantu bakhe. Ngabe nguMoya ofanele ukuba sibe nawo na? Yini, uma kukhona, okufanele silahlekelwe yiko, ikakhulu uma sibuka inani lokuhlenga lokho na?